



Edition 29
isiZulu, English

It starts with a story...

Love your library!

Have you noticed that anyone can walk into a public library and find a wealth of stories and information to enrich their lives? Young or old, rich or poor, employed or unemployed, libraries welcome you. From 16 to 23 March 2013, South African Library Week will celebrate books, reading and libraries. Librarians across the country will host special programmes during this week to highlight the services and resources that are available at their libraries. So, pop in with your children and join in the events on offer.

Here are 10 good reasons to use our libraries.

- 1. Help your children be better readers.** Research published by the National Literacy Trust shows that young people (aged 8 to 16) who use the library are nearly twice as likely to be above-average readers than youngsters who don't.
- 2. Establish the reading habit.** Weekly or fortnightly trips to the library help you and your children make a regular "date" with books and so you all get into the habit of reading – something that your children can enjoy for the rest of their lives!
- 3. Something for everyone.** Libraries offer books for all ages and interests, all under one roof – from board books for babies, to picture books for young children, and novels and information books for older children and adults.
- 4. Reading for free.** We all know that books are expensive and libraries offer a wider variety of reading material than we could ever own – and it is free!
- 5. Who's your favourite?** Libraries are great places to find out who your favourite authors are – and where you can keep discovering new ones too!
- 6. Reading to write.** Reading stories written by others can help inspire children's own story writing.



- 7. More than books.** Many libraries also offer more than just books to educate and entertain you and your children – for example, CDs, DVDs and magazines. Some libraries also have newspapers for you to read while you are there, and computers you can use to access the Internet.
- 8. Enjoy free activities.** Some libraries offer activities especially for children (like regular storytelling times) that let them have fun with books.
- 9. Ask for advice.** Librarians are knowledgeable! Ask them about good and popular books for children, teenagers and yourself.
- 10. Quiet time.** The library is a peaceful place for older children to do their homework. It's quiet and there are plenty of books to help them do research for school projects and assignments.

Thanda umtapo wakho wezincwadi!

Ngabe uke waqaphela ukuthi noma ubani angangena kumtapo wezincwadi womphakathi bese ethola izindaba nolwazi oluningi ukuze anothise impilo yakhe? Abancane noma abadala, abacebile noma abentulayo, abasebenzayo noma abangasebenzi, nemukelekile kumtapo wezincwadi. Kusakela mhla ziyi-16 ukuya mhla ziyi-23 kuMashi 2013, yiSonto Lomtapo Wezincwadi ENingizimu Afrika okuzogujwa ngalo izincwadi, ukufunda nemitapo yezincwadi. Abasebenza emitapeni yezincwadi ezweni lonke bazohlala izinhlelo ezikhethekile ngaleli sonto ukuze kuqhakanjise imisebenzi nezinsiza okutholakala kumtapo wabo wezincwadi. Ngakho, ake nithi qu khona bese nihlanganyela nemicimbi ehleliwe.

Nazi izizathu eziyi-10 ezinhle zokuthi nisebenzise imitapo yenu yezincwadi.

- 1. Ukusiza izingane zakho ukuthi zibe abafundi abangcono.** Ucwangingo olwashicilelwa yi-National Literacy Trust lubonisa ukuthi izingane (ezineminyaka ephakathi kweyi-8 ukuya kweyi-16) ezisebenzisa umtapo wezincwadi zinethuba lokuthi zizofunda kahle ngokuphindwe kabili kunezinye izingane ezingafundi.
- 2. Ukuqala umkhuba wokufunda.** Uhambo lwamasonto onke noma lwanjalo ngemuva kwamasono amabili lokuya kumtapo wezincwadi lusiza wena nezingane zakho ukuthi nibe "nosuku" olujwayelekile nezincwadi futhi lusiza nina nonke ukuthi nijwayele ukufunda – into izingane zakho ezingayithokozela impilo yazo yonke!
- 3. Kuyinto yawo wonke umuntu.** Imitapo yezincwadi ihlinzeka ngezincwadi zabantu abaneminyaka nezidingo ezahlukene phansi kophahla olulodwa – kusukela ezincwadini zabantwana eziwuqembe, ukuya ezincwadini


ezinezithombe zezingane esezikhulile kanye, namanoveli nezincwadi zokuhlazeka ngolwazi zezingane esezindadlana nabantu abadala.

- 4. Ukufunda mahhala.** Siyazi sonke ukuthi ziyabiza izincwadi kanti imitapo yezincwadi inezincwadi ezahlukene neziningi kunalezo ebesingaba nazo – futhi azikhokhelwa!
- 5. Ubani umbhali omthandayo?** Imitapo yezincwadi iyindawo enhle kakhulu yokuthola ukuthi bangobani ababhali bakho obathandayo – futhi ilapho uhlale uthola khona abasha!
- 6. Ukufunda ukubhala.** Ukufunda izindaba ezibhalwe abanye kungakusiza ukuthi unike izingane zakho intshisekelo yokuthi nazo zibhale izindaba zazo.
- 7. Akutholakali izincwadi nje kuphela.** Imitapo yezincwadi eminingi ayihlinzeki kuphela ngezincwadi ezifundisayo nezithokozisayo kuwena nezingane zakho – isibonelo, kunama-CD, ama-DVD namaphephabhuku. Eminye imitapo yezincwadi iba nawo namaphephandaba ongawafunda ngesikhathi ulapho namakhompyutha ongawasebenzisela ukungena ku- inthanethi.
- 8. Ukuthokozela ukwenza imisebenzi mahhala.** Eminye imitapo yezincwadi iba nezinto ezilungiselwe izingane (ezifana nokuxoxwa kwezindaba njalo ngemuva kwesikhathi esithile) ezizenza ukuthi zizijabulise ngezincwadi.
- 9. Cela usizo.** Abasizi bomtapo wezincwadi banolwazi oluningi! Babuze ngezincwadi ezinhle nezidumile zezingane, izingane ezineminyaka ephakathi kweyishumi nantathu neshumi nesishiyagalolunye nawe futhi.
- 10. Isikhathi endaweni enokuthula.** Umtapo wezincwadi uyindawo enokuthula lapho izingane ezindadlana zenza khona imisebenzi yazo yesikole yasekhaya. Kuthule, futhi kunezincwadi eziningi ezingazisiza ukuthi zenze ucwangingo lwamaprojekthi ezikole nama-asayimenti.



Drive your
imagination

Read to me. Explore a story.
Ngifundele. Asijule nendaba.





Story stars

Bringing a library to life

West Rand School in Krugersdorp caters for children aged 3 to 18 years, who have special educational needs. They have recently revamped their library. It now provides the opportunity for the school's children to browse the shelves, borrow books for a week and enjoy listening to their teachers read to them. We spoke to Peggy Landman who volunteered her time to help create and run the new, improved library.

Why did you get involved?

The school had a library, but no funds for a librarian. As a retired teacher of the school, I couldn't bear to see the library doors locked for nearly 10 years! So I got involved.

How did you start?

I began by creating a system in the library that helped the children to easily identify books in different categories – for example, we use green stickers on English books and yellow ones on Afrikaans books.

Where did you get new books?

A lot of the books we had were very old and we needed new ones. We only get R5 000 per year from the school budget for new books. Many of the parents are struggling financially and are unemployed so they can't afford to help us buy books. So, I shopped at bargain book stores where books are cheaper. Also, when I explained to the bookshop managers who the books were for, they gave me discounts.

What kinds of books did you buy?

Books that keep children coming back for more! We try to find different series of books that the children enjoy. We also choose big and colourful books, which are easier for the children to handle and read.

How did you make the library child-friendly?

I have put cushions on the floor and brought the books down to floor level – I even put some books on the floor!

How do you use the Nal'ibali supplements?

We cut them up into the different stories, articles and mini-books and then we laminate these to preserve them. They are read in the library and used in various other classes.

What makes all your hours of hard work worthwhile?

In the first week the library opened, a child asked, "Ma'm, I can't read, but can I come and look at books?"



Peggy Landman

Abavelele ezindabeni

Ukwenza umtapo wezincwadi uphile

I-West Rand School eKrugersdorp ihlinzekela izingane ezineminyaka emi-3 ukuya kweyi-18, ezinezidingo zezemfundo ezikhethekile. Basanda ukulungisa umtapo wabo wezincwadi. Manje sewuhlinzeka ngamathuba okuthi izingane zalesi sikole zikwazi ukubheka emashalofini, ziboleke izincwadi isonto lonke futhi zithokozele nokuzwa othisha bazo bezifundela. Sixoxisane noPeggy Landman onikele ngesikhathi sakhe ukuze asize ukwenza nokubhekelela ukusetshenziswa kwalo mtapo wezincwadi omusha futhi osuwenziwe ngcono.

Kungani ube yingxenywe yalokhu?

Isikole sasinomtapo wezincwadi kodwa singenamali yomsizi womtapo wezincwadi. Njengothisha wakulesi sikole osewathatha umhlalaphansi, kwakungangiphathi kahle ukubona iminyango yomtapo wezincwadi ukhiyiwe cishe iminyaka eyi-10! Yingakho-ke ngazibandakanya nje.

Kwaqala kanjani?

Kuqale ngokuthi kwenziwe uhlelo kumtapo wezincwadi olusiza izingane ukuthi zithole kalula izinhlobo ezahlukeneyo zezincwadi – isibonelo, sisebenzisa izititika eziluhlaza okotshani ezincwadini zesiNgisi neziphuzi ezincwadini zesiBhunu.

Nizitholephi izincwadi ezintsha?

Izincwadi eziningi ebesinazo bezindala kakhulu, ngakho besidinga ezintsha. Sithola u-R5 000 kuphela esabiwomalini sesikole. Abazali abaningi abamile kahle ngakwezizimali futhi abanye abasebenzi, ngakho ngeke bakwazi ukusiza ukuthi sithenge izincwadi. Ngakho, ngathenga ezitolo lapho zishibhe khona izincwadi. Futhi, ngathi uma sengichazele abaphathi bezitolo zezincwadi ukuthi zazingezobani izincwadi, banginika izephulelo.

Wathenga ziphi izinhlobo zezincwadi?

Izincwadi ezenza izingane ukuthi zihlale zibuya zizofuna ezinye! Siyazama ukuthola uchungechunge lwezincwadi ezahlukeneyo izingane ezizithokozelayo. Sikhetha futhi nezincwadi ezinkulu nezinemibala, okulula ukuthi izingane zizibambe futhi zizifunde.

Uwenze kanjani umtapo wezincwadi ukuthi ukwazi ukusebenziseka kalula ezinganeni?

Ngibeke amakhushini phansi ngase ngehlisa namashalofu aba phansi – ngibeke nezinye izincwadi phansi futhi!

Nizisebenzisa kanjani izithasiselo zakwaNal'ibali?

Siyazisika zibe izindaba, okulotshwe ngento ethile (articles), namabhukwana bese sizilaminyetha ukuze sizilondoloze. Zifundwa kumtapo wezincwadi bese zitshenziswa emaklasini ahlukeneyo.

Yini eyenza ukuthi ungawakhaleli wonke amahora okusebenza kwakho kanzima?

Ngesonto lokuqala kuvulwe umtapo wezincwadi, ingane yabuza, "Thisha, angikwazi ukufunda, ngabe ngingakwazi ukuza ngizozibuka nje izincwadi?"

To nominate an individual, organisation or even yourself as a Story Star, visit www.nalibali.org and complete our online nomination form, or email your nomination to letters@nalibali.org

Ukuze uqoke umuntu othile, inhlangotho noma wena uqobo njengoVelele Endabeni, vakashela ku-www.nalibali.org bese ugcwalisa ifomu lokuqoka eliitholakala ensizeni yekhompuyutha noma uthumele igama lalowo omqokayo ku-letters@nalibali.org



Create your own mini-book Zakhele ibhukwana lakho

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
 2. Fold it in half along the black dotted line.
 3. Fold it in half again.
 4. Cut along the red dotted lines.
1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulesi sithasiselo.
 2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
 3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
 4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.





Get story active!

After you and your children have read *The Little Red Hen* try out some of these ideas.



If you have 10 minutes...

- Read the story with your children again. At the end of page 9, stop and ask, "Why do you think the animals didn't want to help? Would you have helped?" At the end of pages 12 and 13, stop and ask, "Why do you think the animals changed their minds?" Encourage your children to share their opinions.
- Read the story again and invite your children to say the Little Red Hen's words, "Then I'll do it myself", with you each time they appear in the story.

If you have 30 minutes...

- Look at the picture on page 15 together and read the last sentence of the story. Now ask your children to draw a picture of a scene showing what the characters looked like when they had eaten so much that they were very, very full! Suggest that they write a few sentences about the scene. Help younger children do this by writing down the words they tell you.



If you have one hour...

- Read the easy bread recipe below with your children and then have fun making a loaf of bread together – and enjoy eating it!

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *USikhukhukazana Obomvu zamani eminye yale miqondo*.

Uma ninemizuzu eyi-10...

- Phindani nifunde indaba nezingane zakho. Ekugcineni kwekhasi lesi-9, yima bese ubuza, "Nicabanga ukuthi kungani izilwane bezingafuni ukusiza? Ngabe wena ubuzosiza?" Ekugcineni kwekhasi le-12 nele-13, yima bese ubuza ukuthi, "Nicabanga ukuthi kungani izilwane zishintshe imiqondo yazo?" Gqugquzela izingane zakho ukuthi zabelane ngemibono yazo.
- Phindani nifunde indaba bese ucela izingane zakho ukuthi zisho amazwi kaSikhukhukazi Obomvu athi, "Kulungile ngizozenzela" kanye nawe njalo uma evela endabeni.

Uma ninemizuzu engama-30...

- Bhokani isithombe esisekhasini le-15 ndawonye bese nifunda umusho wokugcina wendaba. Manje cela izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe sendawo esikhombisa ukuthi zazibukeka kanjani izilwane ngemuva kokuba sezidle zasutha ngokweqile! Yenza isiphakamiso sokuthi zibhale imisho embalwa ngendawo. Siza izingane ezincane ukuthi zenze lokhu ngokuthi ubhale amagama ezikutshela wona.

Uma ninehora elilodwa...

- Fundani iresiphi yesinkwa elula engezansi nezingane zakho bese niyazithokozisa ngokwenza ulofu wesinkwa ndawonye – bese nithokozela nokusidla!

Baking bread

You will need:

- 1 dessertspoon of sunflower oil
- 450 ml warm water
- 675 g white or whole-wheat flour
- 2 teaspoons salt
- 17 g yeast
- Loaf baking tin
- Mixing bowl
- Wooden spoon
- Tea towel or other large cloth

What to do:

1. Put the flour, salt and yeast into a mixing bowl.
2. Add the oil and water.
3. Stir everything together with the wooden spoon until you have a soft dough.
4. Sprinkle some flour on a table. Knead the dough on the table for about 5 minutes.
5. Oil the sides and bottom of the baking tin.
6. Put the dough into the baking tin and press it down.
7. Cover the baking tin with the tea towel. Leave it on the table for 40 minutes.
8. Bake the bread at 220 °C for about 35 minutes. (The loaf is done when it has risen to twice its size and sounds hollow when you tap it.)



Ukubhaka isinkwa

Nizodinga:



- 1 isipunu samafutha kabhekilanga
- 450 ml amanzi afudumele
- 675 g ufulawa omhlophe noma onokolweni
- 2 amathisipuni kasawoti
- 17 g imvubelo
- Ithini lokubhaka ulofu
- Indishi yokuxovela
- Ukhezo
- I-tea towel noma enye imfaduko enkulu

Indlela yokwenza:

1. Faka ufulawa, usawoti nemvubelo esitsheni sokuxovela.
2. Faka amafutha namanzi afudumele.
3. Bonda yonke into ndawonye ngokhezo uze ube nenhlama ethambile.
4. Fafaza ufulawa etafuleni. Xovela isinkwa phezu kwawo isikhathi esingaba imizuzu emi-5.
5. Gcoba ingaphakathi lethini lokubhaka emaceleni naphansi.
6. Faka inhlama ethinini lokubhaka bese uyishonisa phansi.
7. Mboza ithini lokubhaka ngemfaduko. Liyeke phezu kwetafula imizuzu engama-40.
8. Bhaka isinkwa emazingeni okushisa angu-220 °C isikhathi esingaba imizuzu engama-35. (Ulofu uzobe sewuvuthiwe uma usukhukhumale saze saphindwa kabili isilinganiso sobukhulu bawo futhi uzwakala sengathi awunalutho phakathi uma uwushaya ngaphansi.)

Help Mbali find her way to her storybooks!

Siza uMbali athole indlela eya ezincwadini zakhe zezindaba!



Story corner

Here is a story from Nigeria for you to read aloud or tell.

The lion and the monkey (Part 1) by Ikeogu Oke

One day Grandpa wanted to teach us a lesson about trust and gratitude, so he told us a story about the lion and the monkey ...

The lion and the monkey lived in a thick jungle. The lion roamed the jungle floor, while the monkey lived in the treetops. One day the lion saw some meat on top of a banana leaf on the jungle floor. "There's a free and easy meal for me," he thought.

The lion moved towards the middle of the banana leaf, but as he sunk his teeth into the meat, the ground gave way beneath him. Together with the meat and the banana leaf, he fell into a deep pit.

"How was the lion to have known that a free meal is not always free; that an easy meal is not always as easy as it seems?" commented Grandpa. "How could the king of the jungle have known that a hunter had dug a deep pit and covered it with the banana leaf, then placed the meat in the middle of the leaf and covered the leaf with sand to disguise it?"

The pit was so narrow that the lion could only stand upright, on his hind legs.

He made frantic efforts to climb out of the deep pit, but with each attempt the red soil crumbled under his claws and he sank back to the bottom of the pit. The exhausted lion was still there at dusk when suddenly he saw a tail pass by. The tail belonged to a monkey who had jumped over the pit. The lion called desperately for help.

"What is the royal one doing in such a deep dark place?" asked the monkey looking into the pit.

"I fell in," said the lion in a weak voice. "I have been here all day. Please help me."

The monkey hesitated and started to walk away, but the lion begged him again. Then the monkey said, "I am told that all the animals that ever did you a good turn, never lived to tell the story."

"I know you are too smart to believe lies told by my enemies," said the lion. "Please, please help me."



Illustration by Jiggs Snaddon-Wood
Imidwebo yenziwe uJiggs Snaddon-Wood

Find out next week whether the monkey will help the lion.

Ikhona lezindaba

Nansi indaba yaseNigeria eningayifunda kakhulu noma eningayixoxa.

Ihubesi nenkawu (Ingxenye yoku-1) ibhalwe ngu-Ikeogu Oke

Ngelinye ilanga uMkhulu wayefuna ukusifundisa isifundo esithile mayelana nokwethembana nokubonga, ngakho wasixoxela indaba yehubesi nenkawu ...

Ihubesi nenkawu kwakuhlala ehlahini elicinene kakhulu. Ihubesi lalizulazula phansi, ngesikhathi inkawu yona ihlala phezulu ezihlahleni. Ngelinye ilanga ihubesi labona isigaxa senyama sibekwe phansi phezu kwehlabvu likabhanana. "Nasiya isidlo samahhala engizosithola kalula," licabanga.

Ihubesi laya maphakathi nehlabvu likabhanana kodwa lathi lisaluma inyama, lakhalakathele emgodini. Lakhalakathele emgodini ojulile nenyama nehlabvu likabhanana.

"Lalizokwazi kanjani ihubesi ukuthi isidlo samahhala asihlali njalo kungesamahhala; nokuthi into ebukeya izotholakala kalula ayihlali itholakala kalula njengoba kubukeka?" kusho uMkhulu. "Yayizokwazi kanjani inkosi yehlathi ukuthi umzingeli oyiqili wayegubhe umgodini ojulile, wawuvala ngehlabvu likabhanana wase ebeka inyama phakathi nehlabvu likabhanana wamboza ngesihlabathi ukuze kungabonakali ukuthi yinto amdoba ngayo?"

Umgodi wawumncane kangokuthi ihubesi lalikhwazi ukuma liqonde ngemilenze yalo yangemuva kuphela. Lenza yonke imizamo yokuphuma emgodini ojulile, kodwa ngaso sonke isikhathi uma lizama ukuphuma isibomvu sasiwohloka ngaphansi kwezidladla zalo libuye liphonseke ekujuleni komgodi. Lahlala lapho ihubesi elikhathale kwaze kwahlwa ngesikhathi libona ngokuphazima kweso umsila uthi pheshe. Kwakuwumsila wenkawu eyayeqe umgodi. Ihubesi lamemeza licela usizo.

"Wenzani wena wasebukhosini endaweni ejulile nemnyama kangaka?" kubuza inkawu ilunguze emgodini.

"Ngikhalakathele," kusho ihubesi ngezwi elibuthakathaka. "Sengihlale lapha usuku lonke. "Ngicela ungisize."

Inkawu yake yanokungabaza yahamba, kodwa ihubesi layincenga futhi. Inkawu yase ithi, "Ngatshelwa ukuthi zonke izilwane ezike zakusiza ngokuthile, azange ziphile ukuze zixoxe indaba yazo."

"Ngiyazi ukuthi uhlakaniphe kakhulu ukuthi ungalalela amanga owawatshelwa yizitha zami," kusho ihubesi. "Ngicela ungisize bandla."

Thola ngesonto elizayo ukuthi ngabe inkawu izolisiza yini ihubesi.

In your next Nal'ibali supplement:

- Telling stories
- Find out about World Poetry Day and write a poem
- Mini-book, *The Terrible Graakwa*
- The second part of the read-aloud story, *The Lion and the monkey*

Need more resources? Nal'ibali is here to help! Visit the resource section on www.nalibali.org for posters, bookmarks, checklists and tip sheets which are available in six South African languages! You can also find us on Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA



Find us on Twitter: @nalibaliSA
Sithole ku-Twitter: @nalibaliSA

Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ukuxoxa izindaba
- Thola kabanzi ngoSuku Lwezinkondlo Lomhlaba Wonke bese ubhala inkondlo.
- Ibhukwana, *UGraakwa osabekayo*
- Ingxenye yesibili yendaba ezofundwa kakhulu, *Ihubesi nenkawu*

Ngabe udinga ezinye izinsiza? UNal'ibali ulapha ukuze akusize! Vakashela ingxenye yemithombo yolwazi kuwebhusayithi ethi-www.nalibali.org ukuze uthole amaphosta, izinto zokubekisa amakhasi, izinhlu zezinto okufanele zenziwe namakhasi amacebo atholakala ngezilimi eziyisithupha zaseNingizimu Afrika! Ungasithola futhi naku-Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA




We publish *what* we like

This is an adapted version of *The Little Red Hen*, published by Jacana Media and available in bookstores and on-line from www.jacana.co.za. This story is also available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, Siswati, Sepedi, Sesotho, Setswana, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to www.jacana.co.za.

Funda indaba yokuqala, *USikhukhukazana Obomvu*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethiekhelini elithi: www.jacana.co.za. Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, iSiswati, isiPedi, isiSotho, isiTswana, isiTsonga, isiVenda nesiNdebele. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: www.jacana.co.za.

© Jacana Media (South African rights only) Tel: (011 628 3200)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit www.nalibali.org



INal'ibali liphulo lesizwe lokufundela ulonwabo lokwenza abantu eMzantsi Afrika – abantwana nabantu abadala – bakuthakazelele ukubalisa nokufunda amabali. Ukuze ufumane inkcazelo ebanzi, ndwendwela ku-www.nalibali.org



Drive your imagination

Fold

The Little Red Hen ISikhukukazi esiBomvu esiNcinane



Margie Orford
Karen Lilje



Once upon a time, there was a Little Red Hen. She lived alone in a yellow hut at the edge of the vast, open veld. One day, Little Red Hen woke up feeling peckish.

“I’m going to bake bread today,” said Little Red Hen to the ants on her windowsill. “Let me make a list of what I need.”

Then she tied her doek under her feathery chin, put her basket over one wing and set out into the sunny morning.

Kudala-dala, kwakukho iSikhukukazi esiBomvu esiNcinane. Sasihlala sodwa endlwini yaso emthubi eyenziwe ngengca ekupheleni kwethafa eliphangaleleyo. Ngenye imini, iSikhukukazi esiBomvu esiNcinane savuka siziva silambile.

“Ndiza kubhaka isonka namhlanje,” satsho iSikhukukazi esiBomvu esiNcinane kwiimbovane ezazihleli efestileni. “Mandenze uluhlu lwezinto endiza kuzidinga.”

Emva koko sabopha iqhiya yaso ngaphantsi kweso silevu saso sineentsiba, sagangxa ingobozi yaso phezu kwelinye lamaphiko aso saze saphuma ngaloo ntsasa ishushu.



First on her list was flour. She went to a sheep grazing with his friends.

“Morning, Sheep,” said Little Red Hen.

“I’m going to bake bread. Could you get me some wheat from the field to make flour?”

“NO, NO, NO,” bleated Sheep, turning away.

“NOT I.”

“Then I’ll do it myself,” said Little Red Hen, crestfallen.

Into yokuqala kuluhlu lwaso yayingumgubo wengqolowa. Saya kwigusha kuqala eyayisitya kunye nabahlobo bayo.

“Molo Gusha,” satsho iSikhukukazi esiNcinane esiBomvu . “Ndiza kubhaka isonka. Ungandinceda undiphathele ingqolowa entsimini ukuze ndenze umgubo ngayo?”

“HAYI, HAYI, HAYI,” yakhala igusha iguquka ijonga kude.

“HAYI MNA.”

“Ndiza kuzenzela ngokwam,” satsho iSikhukukazi esiBomvu esiNcinane, sidakumbile.



It was a lovely day and Little Red Hen soon cheered up. Next on her list was honey. Striped Honey Badger was digging for honey.

“Pardon me, Honey Badger. I’m going to bake bread and I need some honey. Would you get me a little, please?”

“NO, NO, NO,” grunted Honey Badger. “NOT I.”

“Then I’ll do it myself,” said Little Red Hen.

Kwakuwusuku oluhle, uSikhukhukazana Obomvu waphinde wakhohlwa ngalokhu, wazijabulela. Into elandelayo ohlwini lwakhe kwakuwuju. UNsele Omthende wayetapa uju.

“Uxolo kancane, Nsele. Ngizobhaka isinkwa, manje ngidinga uju. Ungangipha yini oluncane bandla?”

“CHA, CHA, CHA,” kukhononda uNsele.

“HHAYI MINA.”

“Kulungile, ngizozenzela,” kusho uSikhukhukazana Obomvu.



The next thing she needed was water, so she went to the dam where a fat, fluffy cat was sunning herself.

“Hello, Cat. I’m going to bake bread. Would you get me some water?”

“OH NO, NO, NO,” yawned Cat, flicking her tail. “NOT I.”

“Then I’ll do it myself,” said Little Red Hen.

Into elandelayo ayeyidinga kwakungamanzi,
wasuka-ke waya edamini lapho kwakukhona
ikati elikhuluphele, elinoboya
obuntofontofo elithamele ilanga.

“Sawubona, Kati. Ngizobhaka
isinkwa. Ungakwazi yini ukungikhela
amanzi bandla?”

“HHAYI, CHA, CHA,
CHA,” kuzamula uKati
etshikizisa umsila
wakhe. “HHAYI
MINA.”

“Kulungile,
ngizozenzela,” kusho
uSikhukhukazana
Obomvu.



Little Red Hen’s feathers were ruffled. But she was not the kind of hen who gave up easily, so she went to the hut. A dog was dozing on the kitchen floor.



“Dog,” squawked Little Red Hen.

“What?” growled Dog.

“I’m going to bake bread,” said Little Red Hen.

“Will you please get me a pinch of salt to make my bread tasty and some yeast to make it rise?”

“NOT I,” said Dog and went back to sleep.

“Then I’ll do it myself,” said Little Red Hen.

USikhukhuzana Obomvu wayephoxekile. Kodwa wayengesona isikhukhukazi esisheshe silahlekelwe ithemba kalula, waya endlini. Inja yayozela phansi ekhishini.

“Nja,” kumemeza uSikhukhukazana Obomvu.

“Yini?” kugwavuma uNja.

“Ngizobhaka isinkwa,” kusho uSikhukhukazana Obomvu. “Ngcicela ungithathele usawoti ukuze isinkwa sami sibe mnandi, nemvubelo ukuze sikhukhumale.”

“HHAYI MINA,” kusho uNja. “Awukwazi yini ukuyeka inja izilalele?” Yabuyisela ikhanda layo phezu kwezidladla zayo, yalala.

“Kulungile, ngizozenzela,” kusho uSikhukhukazana Obomvu.

Little Red Hen was fed up. She marched bravely over to the kraal where a cow stood chewing the cud.

“Good morning, Cow,” said Little Red Hen. “May I have some milk to make a little butter for my bread?”

“What bread, you silly Little Red Hen?” asked Cow rudely. “MOO. NOT I.”

“Then I’ll do it myself,” said Little Red Hen and she ran all the way home. She sat down alone on her front step. “It’s no fun baking bread for one,” said Little Red Hen, sadly.



USikhukhukazana Obomvu wayesecikekile. Wahamba ngokukhulu ukuzethemba waya esibayeni lapho okwakume khona inkomo eyetshisa utshani.

“Sawubona Nkomo,” kusho uSikhukhukazana Obomvu. “Ngicela ubisi, ngifuna ukwenza ibhotela lesinkwa sami?”

“Isinkwa sani, siphukuphuku, Sikhukhukazana Obomvu?” kubuza uNkomo ngokwedelela. “MOO. HHAYI MINA.”

“Kulungile, ngizozenzela,” kusho uSikhukhukazana Obomvu, wase egijima waze wayofika ekhaya. Wahlala phansi yedwa esitebhisini esingaphambili kwendlu yakhe. “Akuyona into emnandi ukubhakela umuntu oyedwa,” kusho uSikhukhukazana Obomvu ngokudabuka.



Little Red Hen felt a *tap tap tap* on her yellow foot.

“Excuse me, Little Red Hen,” said a small voice. “We’ll help you.”

“That is very kind of you,” said Little Red Hen, tucking her wings into place.

“But you’re all too small.”

“We’re not too small,” said the ants.

“We milled the flour.”

“We’re not too small,” said the bees.

“We collected the honey.”

“We’re not too small,” said the birds.


“We scooped up the water.”

“We’re not too small,” said the tiny kitchen spiders. “We helped with the salt and yeast.”

Little Red Hen clapped her wings together.

“Then we’d better get to work.”

They mixed and kneaded and rolled the dough, and then they put it in the oven to bake.



USikhukhukazana Obomvu wezwa kukhona okumthintathintayo onyaweni lwakhe oluphuzi.

“Uxolo, Sikhukhukazana Obomvu,” kusho izwi elincane. “Sizokusiza.”

“Naze naba nomusa bo,” kusho uSikhukhukazana Obomvu, ebuyisela amaphiko akhe endaweni yawo.

“Kodwa nonke nibancane kakhulu.”

“Asibancane kakhulu,” kusho izintuthwane.

“Sigaye ufulawa.”

“Asibancane kakhulu,” kusho izinyosi. “Sitape uju.”

“Asibancane kakhulu,” kusho izinyoni. “Sikukhele amanzi.”

“Asibancane kakhulu,” kusho izilwembu ezincane zasekhishini. “Sikusize ngosawoti nemvubelo.”

USikhukhukazana Obomvu washaya amaphiko akhe. “Kungcono siqale ukwenza umsebenzi.”

Bahlanganisa, baxova, bagingqa isinkwa saba yinhlama, base besifaka kuhhavini ukuze sibhakeke.





They all sat on the front step in the sun to rest. Then out of the oven stole something that no one in the world can resist ... the smell of bread baking.

The Little Red Hen took the loaf out of the oven and tapped it. It made a hollow sound – exactly the sound a perfectly baked loaf of bread should make.

Suddenly Little Red Hen looked up. There at her door were Sheep, Honey Badger, Cat, Dog and Cow.

“Well ...” said Cow, blushing. “We smelled the bread ...”

“... and we couldn’t resist,” said Sheep.

“So we came to say ...” said Honey Badger.

“... that we are very, very ...” said Cat.

“... sorry...” said Dog.

“... that we didn’t help you,” they all said together.

Little Red Hen looked at their very sorry faces.

Bahlala bonke esitebhisini sangaphambili kwendlu yaso bathamela ilanga. Kwase kuphuma iphunga eliconsisa amathe kuhhavini... iphunga lesinkwa esibhakwayo.

USikhukhukazi Obomvu wakhapha ulofu wesinkwa kuhhavini wawumbambatha. Wenza umsindo ohhumayo – umsindo ofana ncmishi nalowo owenziwa ulofu wesinkwa esibhakiwe.

USikhukhukazana Obomvu waphakamisa amehlo ngokushesha. Emnyango wakhe kwakukhona uMvu, uNsele, uKati, uNja noNkomo.

“Empeleni ...” kusho uNkomo, enamahloni. “Sizwe iphunga lesinkwa ...”

“... asikwazanga ukuzibamba,” kusho uMvu.

“Sase sithi asizothi ...” kusho uNsele.

“... siyaxolisa kakhulu ngempela ...” kusho uKati.

“... siyaxolisa ...”

kusho uNja.

“... ukuthi asizange sikusize,” basho bonke kanyekanye.

USikhukhukazana Obomvu wabuka ubuso babo obabugcwele ukuzisola kakhulu.



“We brought butter, honey, a little bit of chocolate and some fresh milk,” they said.

“Who will help me next time?” asked Little Red Hen, with her wings on her hips.

“I will!” each of them shouted.



“Silethe ibhotela, uju, ushokoledi omncane nobisi olusha” kusho bona.

“Ubani ozongisiza ngokuzayo?” kubuza uSikhukhukazana Obomvu, ebeke amaphiko akhe ezinqulwini.

“Yimina!” bamemeza ngamunye, ngamunye.

And so Little Red Hen, who had a very soft heart and who loved a party, said kindly, “Then you are most welcome.”

All the animals sat around the kitchen table. Little Red Hen cut the bread, and everyone ate until they could eat no more.

Ngakho-ke uSikhukhukazana Obomvu, owayenenhliziy o enhle futhi ethanda idili, washo ngomusa wathi, “Nemukelekile nonke.”

Zonke izilwane zahlala zazungeza itafula lasekhishini. USikhukhukazana Obomvu wasika isinkwa, zase zidla zonke izilwane zaze zadela.

